




CATHERINE BOOTH HOSPITAL



USister Jackson efundisa umphakathi ngokuzenzela izimfonyo. Ikhasi 2.



Abasebenzi basesibhedlela balashwa ngokomphefumulo. Ikhasi 3.



Ngomhlaka 05 kuNdasas 2020 uMnyango Wezimpilo wakuqinisekisa ukuthi owokuqala eNingizimu Afrika usetholwe eneCovid-19. Lokhu kwaphoqa zonke izibhedlela ukuthi zizilungiselele ukwamukela izinye izigula esezithelekile nazo. Kwamanye amalungiselelo iCatherine Booth yaqala ngokohloza iwodi eliseceleni elizosetshenziselwa iCovid-19, kwasekuhlolwa bonke abasebenzi, baphinde bahlizekwa abasebenzi ngezimfonyo nama-Sanitiser. Kwaqinisekiswa ukuthi ngaso sonke isikhathi bonke abantu abangena emagcekeni esibhedlela bafake izimfonyo futhi bagezwa izandla nge-Sanitiser. Izithombe ekhasini lesi-6.


INSIDE THIS ISSUE

Precautions to avoid Covid-19 infection. Page 5

Myths & Facts about Covid-19. Page 7.

Workers going an extra mile. Page 9

USISTER JACKSON EFUNDISA UMPHAKATHI NGOKUZENZELA IZIMFONYO



USister Jackson efaka omunye welunga lomphakathi isimfonyo owayesesenzile.

USister Jackson osebenzela e-ART wayefundisa amalunga omphakathi ngokuzenzela izimfonyo e-OPD ngomhlaka 30 kuNhlaba 2020. Lokhu wakwenza emva kokuthi uNgqogqoshe wezeMpilo kuzwelonke uDokotela Zweli Mkhize wamemezela ukuthi kusukela ngomhlaka 01 kuNhlaba wonke umuntu uzophoqeleka ukuthi afake isimfonyo uma esendaweni yomphakathi.

Ukufaka izimfonyo kwenzelwa ukuthi ungatheleleki ngegciwane leCorona Virus uphinde uvikele nabanye ekuthelelekeni uma wena usunalo kodwa ungakazi. Isimfonyo sivikela umlomo namakhala ukuze uketshezi oluphumayo uma ukhuluma noma uthimula lungahlali komunye umuntu luphinde lungangeni kuwe uma lusuka komunye.


QINISEKISA LOKHU OKULANDELAYO UMA UNESIMFONYO ESAKHIWE NGENDWANGU.

- Hlanza isimfonyo ngamanzi ashisayo anensipho ngaphambi kokuba usigqoke futhi.
- Ungasikhumuli noma usehlisi usibeke esilevini isimfonyo uma ukhuluma nomunye umuntu kodwa sigqoke ngaso sonke isikhathi.
- Qhubeka ushiye ibanga phakathi kwakho nomunye umuntu nakuba ugqoke isimfonyo.
- Lapho ususigqokile isimfonyo, gwema ukulokhu usithinta ngaphambili.
- Uma kwenzekile wasithinta, geza izandla nge-Sanitizer noma uzigeze ngamanzi anensipho.



Nabantwana abancane mabafakwe izimfonyo.

USister Jackson enza izimfonyo phambi komphakathi



UKWELULEKWA NGOKWENQONDO NOMPHEFUMULO KUBASEBENZI

Isibhendlela iCatherine Booth yahlelela abasebenzi ukuba bazokwelulekwa ngokwengqondo baphinde balashwe emphemfumulwemi ukuze bakwazi ukubhekana kancono neCovid-19.

UMbhishobhi Mbatha ongu-Chaplain wesifunda iKing Cetshwayo wayemenyiwe ukuba azoba isikhulumi sosuku. Enkulumeni yakhe wakubalula ukuthi kubalulekile ukuthi wonke umuntu alandele imigomo ebekwe nguMnyango wezeMpilo ukugwema ukuthathelana nokusabalana kwaleligciwane. Wakuveza ukuthi naye enguMbhishobhi uyalesaba leligciwane kodwa ithemba lakhe nguNkulunkulu.



**Musk – Enye Yamathuluzi Okuzivikela
Kwi- Covid 19**



Isithombe: UChaplain ethula inkulumo kubasebenzi.

**“Ukwesaba kuholela ekwenzeni
amaphutha amaningi.” - Mbhishobhi
Mbatha.**

UMbhishobhi Mbatha wagqugquzela abasebenzi ethi abangesabi kepha bame isibindi ngoba ibona abakhethiweyo ukuba balwe naleligciwane.

Emva kwenkulumo kaMbhishobhi, abasebenzi badlulisa ukubonga okukhulu ngokufika kwakhe esibhedlela. Bakuveza ukuthi bathuke kakhulu ngoba basebenza ngabantu mihla namalanga bengazi ukuthi imuphi osenalo leligciwane futhi imuphi enganalo. Abasebenzi bakuveza ukuthi bangathanda ukuvakashelwa uMbhishobhi Mbatha nakweziye izikhathi azobavuselela aphinde athandaze kanye nabo esibhedlela.

Igciwane i-Corona Virus lishintshe indlela yokuphila yawo wonke umuntu umhlaba wonke. Akumfihlo ukuthi abantu abathinteke kakhulu abasebenzi bezempilo ngoba ibona abahamba phambili ekuzameni ukunqanda ukubhebhetheka kwaleligciwane

PHOTO GALLERY: STAFF PSYCHOLOGICAL RELIEF SESSION



Kwakungenwa ngamaqoqo kuyothanyelwa inkulumo evakhayo.



Nabasebenzi bezempilo bayadinga ukuvuselelwa emoyeni..



Izimfonyo azivimbanga ukuthi Kuhlatshelelwe amahubo alethe ithemba



Abasebenzi Bethamele Inkulumo KaMbhishobhi Mbatha.



Inkulumo yayisekelwa ngezwi leNkosi.

#SIYAYINQOBA CORONAVIRUS



MR SIHLE ZIKALALA
PREMIER OF KWAZULU-NATAL

Siyayinqoba

CORONA VIRUS

COVID-19

4 PRECAUTIONS TO FOLLOW TO AVOID BEING INFECTED



1 WASH YOUR HANDS

Wash your hands with soap thoroughly. Wash the back of your hands, between the fingers and under the nails. Always wash your hands with soap before you eat and after being out in public.



2 GOOD PERSONAL HYGIENE

Cover your mouth with a tissue paper when coughing or sneezing. Avoid touching your face with dirty hands at all times. If you have to, be sure to wash your hands with soap thoroughly first.



3 DO NOT SHARE FOOD AND UTENSILS

Bacteria can be transmitted onto knives, forks, spoons and straws. Only use clean utensils and do not share drinks. Always clean your hands before eating.



4 SEE A DOCTOR IF YOU ARE UNWELL

Typical symptoms include cough, runny nose, fever and shortness of breath. If you are experiencing any of these symptoms, seek medical attention promptly. Call the clinic or doctor ahead of your visit and inform them of your symptoms and travel history.



24HR NICD HOTLINE 0800 029 999
REMAIN VIGILANT AND ADOPT GOOD PERSONAL HYGIENE PRACTICES
The situation is evolving check update on www.health.gov.za and www.nicd.ac.za

UKUZILUNGISELELA KWESIBHEDLELA UKUBHEKANA NE-CORONAVIRUS.



Isibhedlela sahlonza iwodi elizosetshenziswa ukubhekana nabantu asebehaqwe iCoronavirus.

Leliwondi linezinsiza zokusebenza nabahlengikazi abaqeqeshiwe ukubhekana ngqo lanolubhubhane.

Esithombeni: Abasebenzi basewodini leCovid-19.

ONogada benza isiqiniseko sokuthi wonke umuntu ongena emagcekeni esibhedlela ufake isimfonyo futhi bamgcoba i-Sanitiser.



UKUSHINTSHA KWEZINHLELO ZOKUSEBENZA

- Ukuvakashela iziguli akuvumekile.
- Awuvumelekile ukungena emasangweni ungasifakile isimfonyo.
- Shiya ibanga ilingama mitha amabili phakathi kwakho noseduze lapho ulinde ukusizwa ngaphakathi esibhedlela.
- Uzogezwa izandla nge- sanitiser uma ungena noma usuphuma esibhedlela.

FACTS AND MYTHS ABOUT COVID-19

There's a lot of uncertainty regarding Covid-19, and some people have made it their mission to spread fake news. To date there are no scientific proven medicines or traditional herbs recommended to treat or prevent Coronavirus, however, people can minimise the spread by adhering to government regulations and using Personal Protective Equipment (PPE).

Myth: COVID-19 cannot be transmitted in areas with hot and humid climates.

FACT: COVID-19 can be transmitted in ALL AREAS, regardless of climate.

Myth: Corona virus can be transmitted through mosquito bites.

FACT: There is no evidence to suggest that mosquitoes can transmit the virus but it spreads primarily through droplets generated when a person coughs or sneezes, or through droplets of saliva or discharge from the nose.

Myth: Spraying alcohol or chlorine all over your body can kill COVID-19.

FACT: Spraying alcohol or chlorine all over your body WILL NOT kill viruses that have already entered your body. Spraying such substances can be harmful to your mucous membranes.

Myth: Vaccines for pneumonia protect you against Coronavirus.

FACT: Vaccines against pneumonia, such as pneumococcal vaccine and haemophilus influenza type B(Hib) vaccine, do not protect against COVID-19. This virus is new and different; it needs its own vaccine.

Myth: Only the elderly can contract COVID-19.

FACT: People of all ages can be infected by COVID-19. But older people, and people with pre-existing medical conditions, appear to be more vulnerable to becoming severely ill with this virus.

Myth: Eating garlic can help prevent COVID-19 infection.

FACT: Garlic is healthy foods that contain antimicrobial properties. However, there is no evidence that eating garlic has protected people from the Coronavirus.

Myth: Antibiotics are effective in preventing and treating COVID-19.

FACT: Antibiotics do not work against viruses, only bacteria.



COVID-19 South Africa Online Portal

Let Us All Protect Children During COVID-19 and Beyond



National Child Protection Week is commemorated annually in South Africa to raise awareness about children's rights. This year's Children Protection Week was held from 31 May to 7 June under the theme "Let Us All Protect Children During COVID-19 and Beyond". It is in everyone's hands to stop the cycle of negligent, abuse, violence and exploitation of children.

GET HELP!!

You can get help at:

- ChildLine South Africa: 0800 055 555
- Child Welfare South Africa: 0861 4 24453 / 011 452 4110 / e-mail: info@childwelfare.org.za

The Department of Social Development has a pilot 24-hour call centre dedicated to provide support and counselling to victims of gender-based violence:

Speak to a Social Worker for assistance and counselling.

- 0800 428 428 (Toll Free number)
- Request a social worker from the Command Centre to contact you by dialing *120*7867# (free) from any cell phone.

PROTECTING CHILDREN IS NOT ONLY A BASIC VALUE BUT ALSO AN OBLIGATION.



FROM THE PUBLIC RELATIONS OFFICE

WALL OF FAME

MR MHLONGO
MAINTANANCE

PERCY -
DIETICIAN

DUMISANI
MPULO

SISTER MANQELE
- ONH

NURSE MBATHA
MEDICAL WARDS

On the 22th of June 2020 there was a community protest near the hospital, picketers stood across the road from the main gate and access to the hospital was restricted. The above mentioned Catherine Booth Hospital staff members went beyond their job descriptions to ensure that at least inpatients were well taken care of by assisting at the kitchen and at other critical areas within the hospital. Their humane efforts during the strike are appreciated.

OKUFANELE UKWENZE UMA UFUNA UKUKHALAZA, UKUNCOMA NOMA UKWENZA ISIPHAKAMISO.



Eminye yemisebenzi yehhovisi lezokuxhumanisa umphakathi nesibhedlela ukwenza isiqiniseko sokuthi isibhedlela sinobudlelwano ubuhle nomphakathi. Lokhu kudlala indima enkulu ekutheni isibhedlela sinikezela ngosizo lwezempilo olusezingeni futhi olofika ngesikhathi esifanele.

Ngalokhu, umphakathi uyagqugquzelwa ukuthi uxhumane

nesibhedlela uma unezikhalazo, izincomo noma iziphakamiso. Lokhu ungakwenza kanje: Yana ehhovisini lezokuxhumanisa ubike ngomlomo. Noma ufake ebhokisini elihlizekelwe izikhalazo, izincomo noma iziphakamiso ngokugwalise ifomu elifanele elitholakala eceleni kwalo ibhokisi. Amabhokisi atholakala kuwo wonke amawodi nasemtholampilo engaphakathi nangaphandle kwesibhedlela.

QAPHELA: Amabhokisi avulwa ngesikhathi ezihleliwe ukuphela.

ACKNOWLEDGEMENTS




Ms T.R Vezi
CEO

(Editor)



Miss C.M Ntshela
M&E Manager

(Editor)



Mr. S.C Thusi
PRO Intern

(Designer and Writer)

CONTACT DETAILS



CATHERINE BOOTH HOSPITAL

Physical Address:

Kwa-Khoza Reserve, Umlalazi Municipality
Ward 15

Postal Address:

Private Bag x105
Amatikulu
3801

Telephone No.: 035 474 8407;

Fax No.: 035 474 7694

Web Address:

www.kznhealth.gov.za/catherineboothhospital.htm